


**Msombuluko, 7 April 2025**

# ISABELOZIMALI SOKUKHULA NOKUTHUTHUKISWA OKUBANDAKANYAYO

**Bantu baseNingizimu Afrika abathandekayo,**

Ngesonto eledlule, iPhalamende lamukele uHlaka Lwezimali Lonyaka we-2025 kanye neZiphakamiso Zemali Engenayo njengoba zethulwe eNkulumweni Yesabelozimali kaNgqongqoshe Wezezimali.

ISabelozimali sonyaka we-2025 siqondiswe ekukhuliseni umnotho kanye nasekwesekweni izimpilo zabantu bakithi.

Kuyithuluzi elibalulekile lokuqhuba intuthuko, ukuqeda ubumpofu kanye nokwehlisa ukungalingani. Ngesikhathi sokukhula komnotho okunezingqinamba kanye nendawo yezimali encane, isabelozimali sifanele siqondise izinsiza ezanele emisebenzini ekhuthaza ukukhula okubandakanya wonke umuntu futhi sakhe isisekelo sokusimama komnotho.

Sikhombisa amasu abekwe eqhulwini kaHulumeni Wobumbano Lwesizwe: ukukhula okubandakanya wonke umuntu kanye nokuvulwa kwamathuba emisebenzi, ukunciphiswa kobumpofu kanye nokubhekana nezindleko eziphakeme zokuphila kanye nokwakha umbuso onekhono, onesimilo kanye nentuthuko.

Isabelomali siqhubekisela phambili ukuzibophezela kukahulumeni ekuphakamiseni izimo ezibonakalayo zabantu baseNingizimu Afrika.

Uma ukukhokha kwezikweletu zethu sekuqhelisiwe, ama-61% emali ezosetshenziswe kule minyaka emithathu ezayo abelwa iholo lezenhlalakahle. Lokhu kubandakanya ukuhlinzekwa kokunakekelwa okuyisisekelo kwezempilo kwamahhala, imfundo eyisisekelo nephakeme kanye nezindlu. Kule minyaka engama-24 edlule sisebenzise inqubomgomo yabampofu lapho kunikezwa khona amanzi amahhala, ugesi kanye nokuthuthwa kwendle emakhaya afanelekayo.

Izibonelelo zomphakathi, njengesokunakekela izingane , izibonelelo zabadala kanye nesokuphila nokukhubazeka, zingamanye amathuluzi lokuqeda ubumpofu. Kulo nyaka, inani lalezi zibonelelo lizokhuphuka libe ngaphezu kwamandla emali. Isibonelelo Somphakathi Sokusiza Ngezinhlekele, esidlale indima ebalulekile ekulweni nobubha, sizokwelulwa futhi ngomunye unyaka.

Njengengxenye yokuthuthukisa ukufinyelela ekunakekelweni kwezempilo kuzoba nokwabiwa kakhudlwana kwezimali emitholampilo nasezikhungweni zezempilo zomphakathi.  Sitshala izimali ekuqasheni nasekugcinweni kwabasebenzi bezempilo, ikakhulukazi odokotela nabahlengikazi, futhi siqashe odokotela abasanda kuqeqeshwa lapho ukusebenza kwabo komphakathi okuphoqelelwe sekuphelile.

Isabelozimali sabela izimali ezinkulu kwezinye izinkonzo ezihamba phambili njengothisha, amaphoyisa, abezimo eziphuthumayo kanye neSigungu Esilawula Imingcele.

Ukwenza ngcono imiphumela yezemfundo kubalulekile ekukhuliseni, ekuthuthukiseni umphakathi futhi nasekukhiqizeni amakhono adingwa umnotho wethu. Ukwabiwa kwesabelomali kenzelwe ukusekela ukuqeqeshwa kothisha, ukwandisa imfundo yolimi lwebele kanye nezinhlelo zokufunda izingane zisencane. Kulo nyaka kutshalwe izimali ezinkulu ekukhuleni kwezingane ezisencane, okubonisa ukuzibophezela kwethu ekwakheni isisekelo esiqinile sokuthuthukiswa kwayo yonke ingane.

Ezinye izimali zabelwe izinhlelo zokuqashwa komphakathi, ezidlala indima ebalulekile ekuhlinzekeni ngamathuba omsebenzi ngesikhathi lapho ukukhula komnotho kunezingqinamba.

Ukuze kukhuthazwe osomabhizinisi, kuye kweziwa ukuba kutholakala izimali zokusekela amabhizinisi amancane. Kwenziwa izinguquko kwiSibonelelo Sentela Yabasebenzi ukuze kuqhutshekwe nokugqugquzela amabhizinisi ukuze aqashe intsha eningi.

Izindleko zeNingizimu Afrika emholweni wezenhlalakahle zingasimama kuphela uma kunamazinga aphezulu okukhula komnotho. Isabelozimali sabelwa izinsiza eziningi ukukhuthaza ukuthuthukiswa kwengqalasizinda, okugqugquzela ukukhula nokudalwa kwamathuba emisebenzi.

Sekukonke, imali efika kumaRandi ayisigidintathu izosetshenziselwa kwizingqalasizinda esikhathini esimaphakathi.  Lokhu kubandakanya isabelo esikulesi sabelozimali samaRandi angama-62 ezigidigidi kule minyaka emithathu ezayo ukuze kulungiswe imigwaqo, izintambo zikagesi, amaphrojekhthi amanzi nokuthuthwa kwendle, izingqalasizinda zezikole kanye nokweseka ukubuyiswa okuqhubekayo kwezitimela zethu.

Ukwesekwa kuphinde kuhlinzekwe kwezinye izindlela zokuthuthukisa ukukhula esikhathini esimaphakathi, okubansakanya izinhlelo ezikhuthazayo kwezezimoto, ukukhishwa kwemisebenzi, izindawo ezikhethekile zomnotho, ukukhiqizwa kwezimoto zikagesi, izingubo zokugqoka nezindwangu kanye neminye imikhakha.

Isabelozimali sonyaka we-2025 senza izinguquko ekwabelweni komasipala ukuze bakwazi ukubhekana nezidingo zabo zezingqalasizinda, benze ngcono ukwethulwa kwezinsiza kanye nokwenza ngcono izinhlelo zabo zokuqoqa izimali.

Esimeni somnotho esiyinselele - ezweni kanye nasemhlabeni jikelele - isabelozimali salo nyaka sisekela izinyathelo zokuthuthukisa ukukhula kanye nokuqeda umthelela wobumpofu.  Ngaso leso sikhathi, sihlose ukusimamisa izimali zomphakathi futhi siqhubeke nokunciphisa isikweletu sikazwelonke.

Isabelomali sikhombisa izinto eziseqhulwini zoHlelo lukahulumeni Lokuthuthukiswa Kwesikhathi Esimaphakathi, uhlelo lokuzokwenziwa lweminyaka emihlanu olubeka eqhulwini ukukhula okusheshayo, okubandakanya wonke umuntu, ukwakha umphakathi onobulungiswa kanye nokwakha amandla ombuso.

Ngesikhathi lapho okumele sigxile kukhona okukodwa kufanele kube ngabantu baseNingizimu Afrika, sidinga ukusebenzisa izinsiza ezilinganiselwe esinazo ukuze sisebenzisane ukuze kuzuze bonke abantu.

Ozithobayo,





A NATION THAT WORKS FOR ALL

**SHARE**

THE PRESIDENCY
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

*Copyright © 2025 The Presidency, All rights reserved.*

**Our mailing address is:**
The Presidency
Union Buildings | Government Avenue
Tshwane | 2001 | South Africa